## ISITATIMENDE SABEZINDABA NGECALA LENTELA LE-SHL WHOLESALERS OLUSENKANTOLO

**Tshwane, 7 Nhlangulana 2024 —** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) luyaqinisekisa ukuthi i-Gauteng South Regional Division igwebe u-Suhayle Ballim, okunguye yedwa ilungu le-SHL Wholesalers CC (SHL) iminyaka eyi-15 ebhadle ejele ngokukhwabanisela isikhungo. U-Ballim wayesolwe ngokuhambisa izimpahla zisuka kuRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika ziye kwamanye amazwe ase-Afrika (ghost exports), okubangele ukuba yena ne-SHL bafake isicelo sokukhokhelwa iNtela Yentengo (i-VAT) ngokungafanele. Icala lidonse iminyaka eyi-14 ngaphambi kokuphuthulwa enkantolo ngenxa yokubambezeleka okubangelwe ngu-Ballim njengoba kusho umantshi obehlalele leli cala.

U-Ballim ne-SHL bathumela amafomu ngemininingwane yentela yentengo i-VAT 201 angama-39 angelona iqiniso ngesikhathi sentela yentengo esisukela kuNhlolanja siye kuMbasa 2007, lapho okuthengiswayo kwezimpahla ezadalulwa okwakuthiwa zathengiselwa amakhasimende ase-Mozambique naseZimbabwe abangela ukuthi zingene ngaphansi keezimpahla ezingatheliswa, okwabe sekuholela ekukhokhweni kwezimali ezibuyayo ezikhwabanisiwe ezingu-R15 607 587.86 ezakhokhwa nguSARS.

Uphenyo, olwaluholwa uPhiko Oluphenya Ubugebengu LwakaSARS, kubandakanye umsebenzi wokuphenya nokushaqa, okwenziwa emagcekeni ebhizinisi nasendaweni yokuhlala ye-SHL no-Ballim ngokulandelana, lapho okwatholakala khona amadokhumenti omgunyathi okukhipha impahla ezweni, ama-invoyisi, amadokhumenti okuthumela impahla, uhlamininingo lokuthuthwa kwempahla kanye nomqulu ogunyaza ukungena (i-DA550). U-Ballim wayesebenzisa inzuzo yezimali ezabuya ngalawa mafomu omgunyathi ukuziphilisa lempilo ayiphilayo njengoba kunguye yedwa onegunya lokusayinda ku-akhawunti ye-SHL.

UKhomishana wakwaSARS, uMnu. Edward Kieswetter, ubonge uSARS nabanye abaphoqeleli bomthetho, kubandakanya uPhiko Lokushushisa Kuzwelonke kanye noMnyango Wamaphoyisa waseNingizimu Afrika ngokuzinikela ekuqinisekiseni ukuthi u-Ballim no-SHL bayashushiswa ngezenzo zabo. Uthe, “Umyalezo ugcizelela ukuthi uSARS angeke aphumule noma abekezelele labo abenza ubugebengu nabacindezela imali yezwe ekutholeni lokhu okulifanele. Abakhokhintela abaphila impilo

ewubukhazikhazi, engaphezulu kwendlela ebonakalayo, ngokuntshontshela umphakathi kumele babhekane nemiphumela; uSARS uzokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abenza izenzo zobugebengu”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za
IYAPHELA